

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-15. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Uvumelekile ukuqala nayinoma ngasiphi isiqephu osithandayo kodwa usiphendule sonke usiqede ungaxubanisi imibuzo yeziqephu.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
 4. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
 5. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
 6. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emva kombuzo.
-

ISIQEPHU A UKUFUNDA NOKUQONDISISA**UMBULO 1**

1.1 Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

UNomali Uvakashele Ebhange

- 1 UNomali **wabhekwa abakubo** ngokuzalwa abazali abampofu okwenza ukuthi azejwayeze ukudla izithukuthuku zakhe esakhula. Waphuma wazifunela amatotho athi ukuqhukuqhukuza kuwo azitholele openyana ngoba phela wayesafunda isikole. Amatotho lawa wayewabamba ngezimpelasonto nangamaholide esebenza esitolo sezingubo zokugqoka.
- 2 Wayeseneminyaka eyishumi nesithupha nje vo, kodwa umqondo wakhe wawuvuthiwe okomuntu osenomndeni. Iholo lakhe wayelihlukanisa kabili, ingxenye yokuqala yayibhekana ngqo nezidingo zakhe, bese kuthi ingxenye yesibili ayinike abazali bakhe ukuze ilondolozwe. Wathi eqamba eba neminyaka eyishumi nesithupha, wabe esonge imali eyizi-R2000,00. Wayeseqonda kahle kamhlophe ukuthi uyothi eqambe ehlanganisa iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ebe esenemali engangezi-R3000,00. Leyo mali yayisengenza kube lula kuNomali ukuthenga umshini wokuthwebula izithombe okwabe kungenye yezinto afuna ukukhulisa imali yakhe ngazo.
- 3 Abazali bakhe bameluleka ukuba ashintshe izindlela zokuyilondoloza imali yakhe, baphakamisa isincomo sokuthi avakashele ebhange, endaweni ephephile yokulondoloza. Ngaphezu kwakho konke, izokhipha amantshontsho azoyandisa, abuye abe nelungelo lokuyithola noma yingasiphi isikhathi uma eyidinga.
- 4 Kwaba lukhuni satshe kuNomali, kwaba ngokuthi akakaze empilweni yakhe **awubeke umcondo** wakhe ebhange. Wayethi noma esakha isithombe sakhe esesebhange ngeso lengqondo, abone bemtshela ukuthi usemncane kakhulu ukuthi angalondoloza imali ebhange nokuthi-ke nje angeke abe nayo imali angavula ngayo i-akhawunti yasebhange. Unina wamncenga emncengile wagcina esevumile. Wathi angangena ebhange uNomali, waphonseka endaweni lapho kubuzwa khona. Nakho bemkhipha bethi akajikele kwelinye igunjana elibhekene nabantu abalekelela labo abazovula ama-akhawunti. UNkosazane Ntombifuthi wakwaMntungwa azithele kuye uNomali, wamkhombisa isihlalo ayezocupha kuso. Wathi uma esehleli wahlala wabhekana noMaMntungwa owayehlezi ngaphesheya kwakhe behlukaniswe yitafula. UNTombifuthi wabuza kuNomali ukuthi angamsiza ngani yena waphendula ngokuthi wayedinga usizo mayelana nokuvula i-akhawunti ngoba ulwazi lwakhe lufushane.
- 5 UNTombifuthi wamchazela ngazo zonke izinhlobo zama-akhawunti ezikhona wamlekelela ukuba akhethe emfanele. Wachaza uNomali ukuthi ufisa ukulondoloza imali yakhe azothi noma ezithola esimweni esibucayi akwazi ukukhalela kuyo, angazitholi esezithela komashonisa **abamba eqolo** ngenzalo. Iseluleko sikaNtombifuthi kwaba ukuthi uNomali i-akhawunti izomnikeza nekhadi lokukhipha imali elakhelwe abantu abaneminyaka engaphansi kweshumi nesishiyagalombili futhi elihambisana nezidingo zakhe. Wamchazela ukuthi lalingahlala kule-akhawunti ngangokuthanda kwakhe, akwazi ukuyilondoloza futhi nokuyikhipha uma kukhona isimo esiphuthumayo. Nebala wayivula i-akhawunti uNomali waphuma ebhange **izihlathi zivakashela amadlebe** esephethe ikhadi lakhe ngesandla futhi esenemali ebhange ethi yena.

[Icashunwe encwadini *Sinothile, Ibanga 10*]

- 1.1.1 Igama elithi Nomali lihambisana kanjani nempilo ephilwa ngumnikazi walo kule ndaba? (1)
- 1.1.2 La mazwi athi '**Ukudla izithukuthuku zakhe**' atholakala esigabeni sokuqala, asitshela ukuthini ngoNomali? (2)
- 1.1.3 Isaga 'imali yimpande yesono' asihambisani nokwenzeka kule ndaba. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.4 Phawula ngobuciko bombhali ekusebenziseni igama, 'amantshontsho' endabeni. (Bheka esigabeni sesithathu) (3)
- 1.1.5 Tomula umugqa endabeni ozokuba nomqondo ochaza la mazwi 'uNomali wayengaphumi emndenini ocebile kodwa wakwazi ukuzenzela impilo engcono'. (Bheka esigabeni sokuqala) (2)
- 1.1.6 Yiliphi ilungelo likaNomali elahlonishwa ngabazali kanye nomsizi wasebhange? Balihlonipha kanjani? (2)
- 1.1.7 Ngokubona kwakho ucabanga ukuthi babunjani ubudlelwane phakathi kukaNomali nabazali bakhe? Sekela impendulo yakho ngesizathu esizwakalayo. (2)
- 1.1.8 Wayeqonde ukuthini uNomali uma ethi ulwazi lwakhe lufushane mayelana nokuvulwa kwe-akhawunti ebhange? (Bheka esigabeni sesine) (1)
- 1.1.9 Yibuphi ubungozi umuntu angazithola ebhekene nabo ngenxa yokuboleka imali komashonisa? (Bheka esigabeni sesihlanu) (1)
- 1.1.10 Sebenzisa lezi zimo zokukhuluma emshweni ukuze kuvele ukuthi uyayazi incazelo yazo:
- (a) ukubeka umcondo (1)
- (b) ukumba eqolo (1)
- 1.1.11 La mazwi athi '**Izihlathi zivakashela amadlebe**' atholakala esigabeni sokugcina, asitshela ukuthini ngemizwa kaNomali ngenkathi ephuma ebhange? (2)

[20]

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezanzi bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Sicashunwe ekhasini 24, encwadini Sawubona 3]

- 1.2.1 Ngabe yini lena eyenzeke kulesi sithombe esingenhla? (1)
- 1.2.2 Shono okubili okubalulekile okuzokwenziwa yile ndoda ephakathi nendawo kule ndawo yesehlakalo. (2)
- 1.2.3 Yiziphi izinto ezimbili ezivame ukuba yizimbangela zalokhu okwenzeka esithombeni? (2)
- [5]

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqephu ngokucophelela, bese usifingqa ngesigaba **esinamagama aphakathi kwamagama angama-60 namagama angama-70**.

Ngisemncane ngangicabanga ukuthi impilo ilula nje kodwa lokhu kwashintsha lapho sengikhula. Impilo ingakudida kwesinye isikhathi, iza nezinguquko eziningi ezinhle kanye nezimbi. Lokhu ngaqala ukukubona ngesikhathi sengifunda isikole samabanga aphezulu. Ziningi izinguquko engazithola ngijamelene nazo futhi ezangenza ukuthi ngikhule ngiqine njengendoda.

Ukuyohlala ngaphakathi esikoleni kwakufana nesijeziso kimi. Kwangithatha isikhathi eside impela ukujwayela ukuhlala nabanye abafana ehostela. Into eyayenza kube lukhuni ekuqaleni ukuthi sasingavunyelwe ukugoduka njalo ngezimpelasonto futhi kwakuyisikole sabantu besilisa bodwa. NgoMgqibelo kwakumele sidlale imidlalo usuku lonke. Mina ngangikhumbule abangane bami ekhaya esasivame ukuzula nabo njalo ngoMgqibelo sichitha isizungu.

Ngokuhamba kwesikhathi ngathola abangani abasha futhi lokhu kwenza ukuthi ngiqale ukuyithanda le ndawo. Yilapho ngaqala khona ngabona ukuthi ezinye izinguquko empilweni noma ziqala zibukeka zizimbi zisuke zizinhle. Abangani bami ababehlala emakhaya baqala ukuganga futhi abanengi babo bagcina beboshiwe. Esikoleni sasingekho isikhathi sokuganga ngoba bekuhlale kukhona esikwenzayo. Ukube ngaqhubeka nokuhlala ekhaya ngangizongena ezinkingeni nami ngoba abazali babehlale bengekho ngenxa yomsebenzi.

Noma kwase kumnandi kakhulu esikoleni kodwa kwaba khona isikhathi esake saba lukhuni kakhulu kimi. Kwathi ngonyaka wesithathu ngikulesi sikole, abazali bami bangazisa ukuthi bayahlukana. Le kwakuyinguquko eyayibuhlungu ngempela futhi engangiyizonda kakhulu. Ngangingazi ukuthi yini ebenze bafika kulesi sinqumo. Ngangididekile futhi ngibuye ngicabange ukuthi kungenzeka yini ukuthi yimi imbangela yalokhu. Kwaqala kwaba nzima ngezikhathi zamaholide ngoba kwase kumele ngibavakashale ngokuhlukana abazali bami. Lokhu kwakungajwayeleki neze. Ngangifuna ukuba nabo bobabili ngesikhathi esisodwa.

Ngabona ukuthi kwakumele ngifunde ukusamukela kanye nokusijwayela isimo. Ngenza njalo futhi lokhu kwangisiza kakhulu.

[Icashunwe encwadini *Sinothile, Ibanga 10*]

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBULO 3****INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI**

3.1 Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ngayo.

KWAMFAZ' ONGEMAMA – F. F. MBATHA

- | | |
|----|---|
| 1 | Awuthunyelwa gundane |
| 2 | Ngidele konke ngayokwenda, |
| 3 | Ngidel' ikhaya likababa, |
| 4 | Ngadel' izihlobo nabangani, |
| 5 | Ngadel' nezinkalo zakithi, |
| 6 | Uze ungilond' Mveli |
| 7 | Kwamfaz' ongemama |
| | |
| 8 | Namuhla ngiqombol' izintaba, |
| 9 | Ngilibangise kwamfaz' ongemama. |
| 10 | Noma ngibangwa nezibi, |
| 11 | Liyophuma lithi |
| 12 | Ngiyatefa ngiyazenzisa, |
| 13 | Uze ungigcine Menzi |
| 14 | Lapho kwanhliziyo ngise. |
| | |
| 15 | Noma ngingayisisulu sikamamezala, |
| 16 | Noma angangicakafula angichaphe |
| 17 | Ngelumelayo yodwa, |
| 18 | Ngiyobekezela ngizithobe. |
| 19 | Mntanomuntu ngibekezele, |
| 20 | Ngigcine yonk' eyasemendweni. |
| 21 | Uz' ube yisihlangu sami Baba, |
| 22 | Lapho kwamfaz, ongemama |
| | |
| 23 | Konke kwenzeka samlingo, |
| 24 | Nokho lolu thando luyithumbil, eyami |
| 25 | Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini, |
| 26 | Ngiyazesaba ezakhona izehlo. |
| 27 | Nokho akusenani |
| 28 | Sengobekezela ngizithobe, |
| 29 | Kwamfaz' ongemama. |

- 3.1.1 Ngokubona kwakho elika 'mfaz' ongemama', liqondiswe kubani kule nkondlo futhi kungani ebizwa kanje? (2)
- 3.1.2 Bheka umugqa 3 wesitanga 1 kanye nomugqa 21 wesitanga 3 bese uchaza umehluko okhona encazelweni evezwa ukupelwa kwegama 'ubaba' elisetshenzisiwe lapha. (2)
- 3.1.3 Imbongi ayiphqiwe ukuba iye kule ndawo okukhulunywa ngayo. **Uyavumelana** noma **uyaphikisana** nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho ngokushiwo yinkondlo. (2)

- 3.1.4 Ngabe yini inhloso yembongi ngokude iphindaphinda ibinzana lamagama elithi *'kwamfaz ongemama'*? (2)
- 3.1.5 Kusobala ukuthi imbongi ilandela uhlobo oluthile lwenkolo. Ake uchaze kafushane ngalesi sitatimende ubhekise enkondlweni uveze ukujula kokholo lwembongi. (2)
- [10]**

IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI**IZINYEMBEZI ZOKULANGAZELA – C. T. MSIMANG**

3.2 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMPHUMELA WEMPUMELELO

- 1 Wazala uNompumelelo!
- 2 Wakhula ... wajikijeleka emajukujukwini,
- 3 Laph' eqans' oy' empumelelweni,
- 4 Maningi amachibi entukuthelo ngendlela,
- 5 Ungayiphuzi buqam' isiyalunguz' impumelelo,
- 6 Icwebile, ubona amazibu phansi!

- 7 Isikhala sobe sesingasekho usuthi intukuthelo,
- 8 Banningi bebiphel' udaka lwentukuthelo,
- 9 Ithi isikhonjwa inxuluma lempumelelo,
- 10 Baqhube udaka basuthe,
- 11 Bayibambe isavele ngekhandla,
- 12 Bawe bafulathele bajokole bejabhile.

- 13 Dlana ubuye unhlwabuye,
- 14 Seluseduze usuku lwempumelelo,
- 15 Banningi beziphathela izijumbane,
- 16 Bafobe, befokothisa, belungiselela impi.
- 17 Ithi ingabambana ngezihluthu, sisuke isidumo,
- 18 Ikhumuka sebekhex' imilomo sekuzinkebelele.

- 19 Bekezela mntanomuntu.
- 20 Nalapho eseshaya umashayandawonye,
- 21 Kusasa leli fu lizophenya,
- 22 Kuntwele ezansi,
- 23 Kuqhakaze ebuhleni bezwe,
- 24 Kobe kungumphumela wempumelelo.

3.2.1 Chaza ukuthi ukukhethwa kwala mabinzana alandelayo kuveza muphi umqondo kule nkondlo.

- (a) Ungayiphuzi buqam' isiyalunguz' impumelelo. (Bheka umugqa 5) (1)
- (b) Ithi ingabambana ngezihluthu, sisuke isidumo. (Bheka umugqa 17) (1)

3.2.2 Phawula ngesigqi sale nkondlo kanye nomthelela waso enkondlweni. (3)

3.2.3 Isimo sokukhuluma **esisemgqeni 11** sichaza ukuthini ngokwale nkondlo? (2)

3.2.4 Ngabe umqondo wale nkondlo uhambisana kanjani nendikimba yayo? (3)
Sekela impendulo yakho kuzwakale. (3)

[10]

3.3 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

NGIBELETHE

- 1 Ngibelethe mntanomfazi ngibelethe,
- 2 Ngifun' ukuba luhlaka lwakho,
- 3 Lapho befika abanxibile,
- 4 Nalapho sekufanele ubelaphe,
- 5 Ngizobuka amangwevu akho.

- 6 Ngithi ngibelethe mntuwakithi,
- 7 Kuze bezothi nxa bezoleketha,
- 8 Ngibhule amabethe njengalokho,
- 9 Kuze ngizothi nxa sengithemeleza,
- 10 Ungaluse ngolwazi lwakho.

- 11 Ngithi ngihole ngizokwazisa,
- 12 Lapho kuwelwa khona Mwelase,
- 13 Ngifun' ukwazi onke,
- 14 La mazibuko osuthe wawanqamula,
- 15 Ngithi ngibelethe muntu wasekhaya.

- 16 Ngithi ngibelethe Nonkosi,
- 17 Ngokubuk' ubuthaka bakwelakithi,
- 18 Nguwena obaziyo,
- 19 Ngifun' ukuthi le chumo yami,
- 20 Ichichime idokwe lafuthi.

- 21 Yiba lubhoko lwami,
- 22 Kuze ngazi nalelo khambi,
- 23 Lokuhlabana kwakho,
- 24 Ngokuba nxa ngikubuza,
- 25 Uzungithela ngenkovu emehlweni.

- 26 Ngifuna uthi nxa uwashaya
- 27 Ngikuthamundele,
- 28 Ngihole ukuze ngizothwasa kuwe,
- 29 Ngihole ukuze ngiyohlala kwesakho,
- 30 Lapho iwashi lakho selimile.

- 31 Ngihole ukuze zingezoshabalala,
- 32 Lezo zaqheqhe nxa sewashiya amabele,
- 33 Ngifuna ukuba lezo zakho zisale,
- 34 Kimi nje ngohlaka lwakho
- 35 Ukuze lingashabalali lelo khambi.

3.3.1 Nikeza umqondo ovezwa umugqa wesi-2 kule nkondlo. (2)

3.3.2 Funda umugqa wama-28 bese uphendula imibuzo elandelayo:

(a) Igama elithi 'ngizothwasa' lichaza ukuthini? (1)

(b) Incazelo yegama 'ngizothwasa' ihambisana kanjani nomongo wenkondlo? (2)

3.3.3 Chaza ukuthi ukukhethwa komugqa wama-21 kuyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. (2)

3.3.4 Isisho esisemgqeni wama-32 sinancazelo yini? (1)

3.3.5 La mazwi asemgqeni we-13 no we-14 asitshela ukuthini ngokuzimisela kwembongi kulokhu ekufunayo? (2)

[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D UKUPHENDULA IMIBUZO NGESITHOMBE**UMBUZO 4**

4.1 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi kwaso.



4.1.1 Yimuphi umlayezo odluliswa yile ngxoxo yalaba ababili? (1)

4.1.2 Ngokubona kwakho, ungumuntu onjani lo wesilisa osesithombeni? Sekela impendulo yakho. (2)

4.1.3 Sebenzisa igama '-hlola' emushweni wakho, kodwa libe nencazelo ehlukile kule esesithombeni. (1)

4.1.4 Sebenzisa isihlanginiso 'uma' emushweni wentombazane, kodwa ungashintshi umqondo womusho. (1)

4.1.5 Qala umusho njengoba ukhonjisiwe.

'Indlela eyodwa engakwenza uqiniseke ukuyohlola igazi.'

Udokotela uthe ... (1)

4.1.6 Nciphisa igama 'indlela'. (1)


[7]

4.2 Bukisisa isikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.

IHLANZEKA AGENCY IYIMPENDULO!!!

*Gcina ikhishi lakho
lihlanzekile mama
ukuze uphephe
nomndeni wakho!!*

*Siqeqesha abasebenzi
basezindlini
abawaziyo umsebenzi.
Woza usizakale!*



4.2.1 Kungani ibinzana lamagama IHLANZEKA AGENCY IYIMPENDULO!!! libhalwe ngosonhlamvukazi? (1)

4.2.2 Phendula imibuzo elandelayo:

(a) Nika umqondophika wegama elithi 'lihlanzekile'. (1)

(b) Isijobelelo esidwetshwelwe egameni 'lihlanzekile' sibonisa muphi umqondo? (1)

4.2.3 Yini ongayifaka ukwenza lesi sikhangiso sihehe? Bhala okubili. (2)
[5]

4.3 Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 4.3.1 Yikuphi okubona esithombeni okukhombisa ukuthi le ndoda ithukile? (1)
- 4.3.2 Yenza msebenzi muni le ndoda? (1)
- 4.3.3 Yakha imisho emibili usebenzise igama 'imbokodo' ukuze liveze izincazelo ezimbili ezingafani. (2)
- 4.3.4 Ucabanga ukuthi yini lena ayibhala ngabo laba abakhonondayo? (1)
- 4.3.5 Uthini umbono wakho ngokuvezwa kwabesifazane kule khathuni? (2)

[7]

- 4.4 Funda lesi siqeshana esicashunwe esichazamazwini bese uphendula imibuzo ezolandela.

Isibonelo: phefumula
 úm(ú)**phefúmulo** (bz) – **1.**
 umoya ophuma emaphashini.
Wezwakala ngomphefumulo ukuthi uphuzile. **2.** impilo. *Wathi efika nje wawuphuma umphefumulo kunina.*
3. umoya omuhle. *Abefundisi bavame ukuba nomphefumulo omuhle.*
 úkup**héphuza** (sz) [-an-; -el-; -ek-; -is-; -w-] – **1.** Ukuphefumula kanzima; ukuphefuzela; phehle (szk) – **1.**

[Sicashunwe encwadini *IsiZulu Sethu*, Ibanga 11, ikhasi 11]

- 4.4.1 Sebenzisa isenzo **phefumula** emishweni ozakhele yona siveze izincazelo ezahlukene. (2)
- 4.4.2 Ake unikeze umqondo oqukethwe yizakhi ezidwetshelwe kuleli gama '**umphefumulo**'. (1)
- 4.4.3 Sebenzisa igama 'phefumula' emushweni wakho ukubonisa ukuthi abantu batshelana izimfihlo. (1)
- 4.4.4 Lokhu kufinyezwa okulandelayo kumele ziphi izingcezu zenkulumo? (1)
- (a) (sz) (1)
- (b) (szk) (1)
- [6]**

Amamaki angama-25

UMBUZO 5

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ulungisa amaphutha okungabhaleki kahle kwemisho noma amagama athile. Bhala kabusha le misho kumbe amagama angabhalekile kahle okungaba yilokhu; upelomagama, izimpawu zokuloba kanye nobhalomagama.

Isibonelo: ihashi – ihhashi

Isiyezi esake samfikela udlamini sase siphelile. Kwake kwamkhanyela khona ekuqaleni ukuthi lomfana uma engaziyeki lezi zindlela zakhe uyogcina entambweni. "Uyaphi baba" kubuza umaNtuli. "Ngiya ethekweni. Kuthiwa usehlala emaholo omphakathi." Hawu baba kusebusuku manje. ngakusasa unkosikazi wanika umyeni wakhe amarandi ayi-50 okugibela.

Amamaki ayi-10

Amamaki esewonke ayi-100